# Isikhathi sokubuyisela amafomu emininingwane ngentela omqashi 2025

**Tshwane, 24 kuMbasa 2025 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) lufisa ukwazisa ukuthi umhla zingama-31 kuNhlaba 2025 usuku olungumnqamulajuqu lokuDalula Konyaka Kwabaqashi.

Inqubo Yokudalula Konyaka koMqashi iyisinyyathelo esisemqoka kakhulu esandulela Isikhathi Sokubuyisa Amafomu Emininingwane Ngentela Yengeniso Lomuntu (i-PIT), okwenzeka makhathaleni onyakeni. Ulwazi oluqoqwa ngesikhathi Sokudalula Konyaka Komqashi, ukudalula kwanyanga zonke ku-EMP201 nokuhlanganisa amabhuku ku-EMP501 kulekelela u-SARS ukwazi ukunika abakhokhintela ifomu lokubuyisa imininingwane ngentela (i-ITR12) elihlolwe ngokuzenzekelayo okushaya emhlolweni nelifakelwe ngolwazi oluyilo.. Ulwazi olungaphelele noma olungelona luzokwenza kube nzima ukuba izisebenzi zifezekise izibophezelo zazo zentela. Ukukhipha kwabaqashi izitifiketi ze-IRP5 ne-IT3 kusemqoka kakhulu ngoba izisebenzi ziyazidinga lezi zitifiketi lapho sekufanele babuyise amafomu emininingwane ngentela ngesikhathi sentela.

U-SARS usuwethule iveshini ethuthukisiwe ye-*e@syfile™ Employer software (version 8.0)* ukwenza kube ngcono ngenkathi ubuyisa amafomu ngemininingwane ngentela. Iveshini yakamuva inamandla athuthukisiwe, ukuqinisekisa inqubo yokuhlanganisa amabhuku elula futhi esebenza kahle. Sigqugquzela abaqashi, izisebenzi zentela, abasingathi bohlu lwabaholelwayo ukuba badawunilode iveshini entsha ye-*e@syfile™ Employer v8.0* ekhasini lokudawuniloda le-e@syFile ku-www.sars.gov.za ngaphambi kokuthumela ukudalula oNyaka Komqashi.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi bonke Abaqashi kudingeka futhi kumele bathumele Ukudalula Konyaka Kwabaqashi, kubandakanya nalabo baqashi abangabambi iqhaza kwezomnotho. U-SARS uzobathwesa icala bonke abaQashi abangathobeli ukuthunyelwa Kokudalula Konyaka Kwabaqashi.

Abaqashi bangathola amavidiyo okubona ukuthi bangakwenza kanjani lokhu afakwe ku-*SARS TV YouTube Channel*.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za